

Letter dated 28 August 1888

Archive: Pietermaritzburg Archives Repository
Letter reference: A204 Colenso Collections, Magama Papers, vol. 104, Letters dispatched 1885-1889
Letter date: 28 August 1888
From: Magama Magwaza. St Alban's College.
To: Nkosazana
Other details: Hand-written, in isiZulu
Transcriber's note(s): Nkosazana referred to is Harriette Colenso
Letter contents: Magama Magwaza reports to Nkosazana that after he heard that Dinuzulu was captured, he went to see the lawyer, Mr Clarence, to confirm if that was true or not. Clarence told him that it was not the truth, that Dinuzulu was not captured, but instead he had surrendered himself to Lucas Meyer.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

S. Alban's College
28 Aug 1888

Nkosazana

Ezwini lako owabe ulitshilo lokubiza uFilimoni, laputa ngenxa yokungabi na'sikala uFilimoni; ungityelile futi ukuti bekufikile uMoses kuye embizela inkosazana, wabambeka nakuloko, noko uzaufika belu yena ngokutola kwake ituba kuleli'sonto.

Ngamadoda akulela kwa'Zulu, ayangibizile uNomatshinga noNomatshitshi. Kepa uNomatshinga lowo ulapa enkantolo, uti waputiswa ukufika etunyiwe enkantolo; uNomatshitshi waputiswa ngukugula kwomzimba wake [kwomzuzo?], - yena kambe u lapo kwa'Mr Martern lapo 'ake kona:-

Mina-ke, ngokukatala, ngabona ukuti ukuza kwami akusizi nga'luto, engeko lawo'madoda. Kepa ab'esangitembisa njalo ngokuti ayakufika njalo ku'nkosazana mhlana ebonayo. Angazi-ke, Nkosazana, kuloko, ngoba nalapa angisaboni kahle nomsebenzi esiwenzayo, loku pela sesi babili, sokuti ngolunye usuku lupele sihlezi nje singenzi'luto; kimina kam[?] njengaleliya'lizwi lenkosazana eyaka yalityo kimi, bengingalitola ituba lokupuma ekupeleni kwale'nyanga (August), uma nembala nga inkosazana beingaba nayo imisebenzai enayo eswelekileyo, ngoba angitandi ukuhlala nje ngingenzi'luto – kodwa pezu kwaloko nginayo imisebenzi yami engiswele ukuyilungisa [a word torn off] indaba ezitile ngalengkantolo nezokuhambela [eni] nakwa'Zulu.

Esikuzwayo lapo kambe ng'umoya otshisayo. [ti] kwabantu abansundu na^ba^mhlope abatile, ukuti uDinuzulu ubanjiwe ng'amaBunu. [moya][ano?tusi], uma kungaba njalo njengaloku abakutshoyo. Kute ukuba ngikuzwe loko ngahamba nomunye umuntu owabe eng'owakwa'Zulu, ozalana naMgojana ka'Somapunga, (ongahlangene kodwa nemikuba yokwenza kuka'Mgojana.) saya ku'Mr Clarence ummeli, sayakubuzisisa iqiniso kuye, wafike wati yena kiti "Qa, kabanjiwe uDinuzulu, uziyisile ngokwake ku'Lucas Meyer, wacela kuye ukuba amtate amyise ezinduneni zamaNgisi." Kepa etukutele uMr Clarence ngaleyo'ndaba wati kitina "Hambani angitandi ukuzikumbuza le'ndaba ebuhlungu kangaka, ngoba uDinuzulu upatwe kabi impela ng'uHumenteni;" wabuza wati "Lo'muntu yena po utini ngaleyo'ndaba na?" ebuza lo engihamba naye, wati yena "nami ngiyadabuka, nkosi."

Walandula yena (Mr C.) wati “Qa, bonke abahamba kule’ndhlu (Native H. Court) abadabuki, bayajabula, ngiyazi.” Wamangala nje uMancinzana, lelo igama lalo’mntu. Ngezwa ngabona impela inhliziyo ka’Mr C. kule’ndaba, njengoba ng’azi eka’Mr Samuelson.

[Mina?] ngokwami ngiyajabula, sengi wazi onke amazwi nokuzindhla kwenkosazana, kuhle, wenze okuhle owenkosi ukuba azinikele. Futi esontweni elidhlulileyo ngiwabonile amazwi amnandi ku’Witness, ngokukuluma kwamakosi petsheya endhlu’nkulu yama Commons. Po! inxa kunjalo, kubi ngani loko abakutshoyo, loku sokufanele nje ukuba kube njalo na? Sasingahle sitembe nje ukuti umbuso wenkosikazi ng’owokulunga no[noba?] sitembe ukuti uNkulunkulu uyakwenza [word cut off]kunokutemba okubi-

NgoJeremiah ngamleta lapo ngoba kungati ng’umfana omuhle uma [i?] imswele.

Magema kaMagwaza

LEGEND:

^ ^ insertion

[?] incomplete, illegible word(s)

[] notes/words by transcriber, not part of correspondence

TRANSCRIBER:

Sizakele Gumede for FHYA, 2022.

Student, MA in Historical Studies, UCT.